www.xtrapapers.com

Cambridge Assessment International Education

# Cambridge IGCSE™

CANDIDATE NAME

CENTRE NUMBER

CANDIDATE NUMBER

*8348600630*

## ISIZULU AS A SECOND LANGUAGE 0531/01

Paper 1 Reading and Writing

**October/November 2022**

**2 hours**

You must answer on the question paper.

No additional materials are needed.

**INSTRUCTIONS**

- Answer **all** questions.
- Use a black or dark blue pen.
- Write your name, centre number and candidate number in the boxes at the top of the page.
- Write your answer to each question in the space provided.
- Do **not** use an erasable pen or correction fluid.
- Do **not** write on any bar codes.
- Dictionaries are **not** allowed.

**INFORMATION**

- The total mark for this paper is 70.
- The number of marks for each question or part question is shown in brackets [ ].

This document has **16** pages.

DC (RW) 301662/2
© UCLES 2022

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 1**

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela ekhasini elilandelayo.

## Zula Nathi

**Izingane eziningi namuhla azinalo ulwazi lokuthi ukudla ezikudlayo kuvela kuphi. EZula Nathi inhloso yethu ukuzibonisa!**

IZula Nathi ihlelela abafundi abaneminyaka esukela kweyi-11 kuya kweyi-18 amaholidi asemapulazini. Sesisebenze nezikole iminyaka eyi-15, sithatha abafundi emadolobheni amakhulu baye emapulazini kuyo yonke iNingizimu Afrika. Ngesikhathi sokuhlala kwabo emapulazini, abafundi bavuka ekuseni ngovivi ukusiza epulazini…

- ngokusenga izinkomo
- ngezinkukhu
- ngokutshala imbewu
- ngokukha imifino.

Kepha akuwona wodwa umsebenzi.

Kuhlala kukhona nechibi lokubhukuda nezifundo zamahhala zanoma yibaphi abangakwazi ukubhukuda. Kukhona nethuba lokuzwa injabulo yokugibela ihhashi – inqobo nje uma abagibeli besivumela ukuthi sibakhombise ukuthi anakekelwa kanjani amahhashi.

Konke ukudla okudliwa yizingane kulinywa epulazini. Ukuphepha nempilo enhle kuyinto eza kuqala kithi. Amapulazi ethu akhethwa ngokucophelela futhi ahlolisisiwe.

Ukuhlala epulazini isonto eli-1 kuya kwama-2. Siphakamisa ukuthi kube nothisha ababili eqenjini ngalinye, owesilisa oyedwa nowesifazane oyedwa ezinganeni ezingalinganiselwa kuma-24. Igumbi ngalinye lingathatha amantombazane noma abafana abangafika kwabayi-6 kanti uthisha ngamunye unegumbi lakhe. Konke kulula kakhulu – size sihlele namabhasi okuthutha abafundi asuka ezikoleni aye emapulazini.

**Ukubhukha, sicela uxhumane nathi kunombolo yocingo-079 123 4567. Ungathola eminye imininingwane – namavidiyo amapulazi ethu – kuwebhusayithi yethu:**

**www.zula-nathi.co.za**

www.xtrapapers.com



1 IZula Nathi ihlose ukubabonisani abafundi?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

2 Bavelaphi abafundi abaya emaholidini eZula Nathi?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

3 Yisho **izinto ezimbili** ezingafundwa abafundi ngesikhathi samaholide abo, ngaphandle komsebenzi wasepulazini?

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [2]

4 Yini ekhethekile ngokudla okunikezwayo?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

5 Yisikhathi eside kangakanani esingachithwa abafundi epulazini?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

6 Amaqembu afika kanjani emapulazini ngamaholide awo?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

7 Ungalithola kanjani iholide eZula Nathi?

.......................................................................................................................................

....................................................................................................................................... [1]

**[Amamaki: 8]**

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 2**

Funda ngezansi bese wenza umsebenzi ekhasini elilandelayo.

UThandi Gumede uhlala eThekwini, e-17 Victoria Street.

Ujabulele ukuya ekhempini yomculo, umdanso nomdlalo. Uneminyaka eyi-16 manje, kodwa usecule iminyaka eyi-10 esigodini sakubo, kusukela eneminyaka eyi-6 nje kuphela. Kwathi lapho uThandi eseneminyaka eyi-8, umalume wakhe wamthengela isigujana. Ngemuva kweminyaka emibili wamnika isiginci futhi manje usesidlala kamnandi. Uthisha kaThandi wamkhuthaza futhi ngonyaka odlule wazuza umklomelo wesifunda wokuba umculi omncane wonyaka. Kunezinto eziningi angazenza ekhempini. UThandi ufuna ukuzama umdlalo kodwa inhloso yakhe enkulu ukudlala isiginci.

Ikhempu yase-Kloof iseduze nasekhaya, kodwa uzizwa sengathi isonto alilide ngokwanele. Ubaba wakhe uthi i-Howick isekudeni kakhulu (uzomhambisa ngemoto lapho esefuna ukuhamba, nakuba ematasa impela ngo Aphreli). Ngakho-ke i-Richmond iyona yodwa esele angakhetha kuyo. Ubefuna ukwenza abangani ezindlini zokulala abafundi kodwa ubaba wakhe uthi kumele alale etendeni loyedwa ukuze ezokwenza umsebenzi wesikole. UThandi akayidli inyama futhi ubekhathazekile ngokudla – kungenzeka kube nokosiwa kwenyama njalo ebusuku – kepha ubaba wakhe ubashayele ucingo bathi ayikho inkinga.

© UCLES 2022

www.xtrapapers.com



**8** Zicabange unguThandi ugcwalisa leli fomu elilandelayo. Sebenzisa imininingwane etholakala kumsebenzi-2 ngenhla.

## KwaZulu Natal Cultural Holiday Camps
## Ifomu lokubhukha

### Isigaba A: Imininingwane yakho

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Amagama aphelele | Thandi Gumede | | | |
| | ~~Owesilisa~~/Owesifazane *(sicela ususe okungekhona)* | | | |
| Ikheli | 17 Queen Victoria Street, EThekwini | | | |
| Iminyaka yokuzalwa | ................................................ | | | [1] |
| Insimbi yomculo oyidlalayo? | ................................................ | | | [1] |
| Okwenza kakhulu *(dwebela okufanele)* | Umdanso | Umdlalo | <u>Umculo</u> | |
| Unesikhathi esingakanani ucula? | ................................................ | | | [1] |
| Imiklomelo? | ................................................ | | | [1] |

### Isigaba B: Khetha imininingwane yekhempu yakho

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| Iyiphi ikhempu ofuna ukuya kuyo? *(sicela uthikhe)* | Kloof (iviki elilodwa) ☐ | | | |
| | Richmond (amaviki amabili) ☐ | | | |
| | Howick (amaviki amabili) ☐ | | | [1] |
| Inyanga oyithandayo *(sicela uthikhe)* | u-Aphreli ☐ | u-Meyi ☐ | u-Juni ☐ | [1] |
| Ngabe uhlose ukuhamba kanjani? | ................................................ | | | [1] |
| Izidingo zokudla | ................................................ | | | [1] |
| Indawo yokuhlala oyikhethayo *(sicela udwebele)* | Itende loyedwa | Itende lababili | Itende eliyidomethri | [1] |

**[Amamaki: 9]**

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 3**

Funda lesi siqephu esilandelayo esikhuluma ngentsha bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

Angazi ukuthi bangakanani abantu abazi ukuthi lokhu esikubiza ngobhontshisi wekhofi akuwona ubhontshisi wangempela.

**Content removed due to copyright restrictions.**

Manje, ngiyazibuza ukuthi kungabe anambitheka njengekhofi kancane?

© UCLES 2022

www.xtrapapers.com



Uceliwe ukuthi ulungiselele amanothi enkulumo emfushane “ngekhofi nendalo”.

Gcwalisa ngamaphuzu afanele ngaphansi kwezihlokwana ozinikeziwe ngezansi. Impendulo yokuqala ufakelwe njengesibonelo.

**Isibonelo**: Iqiniso ngobhontshisi wekhofi

- Akuwona ubhontshisi wangempela

**9** Izinkinga eziza nokuphuzwa kwekhofi

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

**10** Izindlela zokuxazulula le nkinga kanye nokusizwa kwemvelo

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

**11** Izindlela ezingenza ikhofi lisize ukuthi kukhiqizwe ukudla okuningi

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

- ..........................................................................................................................................

  .................................................................................................................................... [1]

**[Amamaki: 8]**

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 4**

**12** Sebenzisa umbhalo otholakala kumsebenzi-3 ngenhla ukufingqa imibono evela embhalweni omayelana nekhofi nendalo.

Umbhalo wakho ofingqiwe kumele ubonise amaphuzu abalulekile kuphela futhi ungeqi amagama **angama-80**.

Ungenza amanothi akho emsebenzini-3.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

**[Amamaki: 5]**

© UCLES 2022 

www.xtrapapers.com



**PHENYA IKHASI UKWENZA UMSEBENZI 5**

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 5**

**13** Uye ezweni lase-Afrika ngeholide nomndeni wakho amaviki amabili. Nandiza nehla enhloko-dolobha yakhona, umndeni wakho waqasha imoto nase niqala ukuhlola izwe.

Bhalela umngane wakho incwadi uncoma leli holide. Encwadini yakho ungafaka eminye yemininingwane elandelayo:

- phawula ngenakubona enhloko-dolobha
- uhambo oluya emaphandleni
- ukudoba nokubhukuda
- ukuvakashela isiqiwi

Incwadi yakho mayibe namagama **ayi-150** kuye **kwangama-200** ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

..................................................................................................................................................

www.xtrapapers.com



[Amamaki: 15]

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 6**

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Indaba yomgijimi**

Kwakuyisiqalo esihle. Ukugijima imizuzu engama-20 ibanga eliyikhilomitha elilodwa endaweni yangakithi! "Yintwasahlobo!" Yilokho engangikucabanga ngesikhathi ngivuka ekuseni ngeSonto. "Yisikhathi sokwenza ushintsho, sokuhlukana nalamakhilo asemzimbeni wami! Futhi kuzoba namahlumela amasha ezihlahleni. Yebo! Ngizoyogijima!" Ngabopha izicathulo zami zokugijima ezindala ngaqonda emnyango. Amadodana ami amabili angibuka ngamehlo amakhulu, ekhamisile.

Ngemuva kwalokho ngacabanga ukuthi, "Manje sengingazibiza ngomgijimi!" Ngangizizwa ngijabule usuku lonke. Kodwa ngalobo busuku, iqiniso lafika. "Uzogijima njalo ngeSonto ekuseni, vele" kusho umkami. Inhliziyo yami yacwila isikhashana, kodwa-ke, ngaphandle kokucabanga ngazithola sengizishaya isifuba, "Yebo! Futhi ekupheleni kwenyanga ngizobe sengikwazi ukugijima amakhilomitha ama-5 ngaphandle kokuma." Ubuwula bokuzethemba ngokweqile! "Ngikusholoni lokho?" ngazibuza ngalobo busuku.

Kodwa ngakusasa ngazizwa sengingcono, futhi ukuzethemba kwami kwabuya. Ngazizwa kamnandi kakhulu lapho ngifika ekhaya ngibuya ukuyogijima ngoba ngangibona ukuthi omakhelwane babengibuka ngamehlo alangazelela ukuba yimi. Owamukela abantu emsebenzini wangibuza (ngenkathi ngikhuluma ngokunganaki ukuthi bengigijima izolo), "Hawu! Ngabe ungumgijimi vele?" Ngaphendula ngesizotha sokuzenzisa, "Amakhilomitha ambalwa nje ngesikhathi."

Usuku lwami lokuzalwa lwafika. Yize umama wayehlala njalo ethi ngingumuntu ovilaphayo kunabo bonke abantwana bakhe, ngalolu suku wangimangaza ngesipho semali yokuthi ngiye esitolo sezemidlalo ku-High Street. Ngachitha amahora amaningi lapho, ngikhetha izimpahla ezilungele umsubathi wangempela; ivesti, izikhindi… futhi, nophawu lokugcina, okungekho mgijimi wangempela obengabonakala ngaphandle kwalo, amateki e-Air Float.

Ngokugijima ibanga nje elingamakhilomitha ama-5 ngosuku, ngalahlekelwa yilawo makhilo asebusika. Ngangihleka abantu ababehlala behleli ekhaya bengenzi lutho. Ngaze ngabukela phansi "ama-*fitness-freaks*" ngoba wona ayezilolonga ejimini ebukela i-TV. Ngangizimisele ngokuba umsubathi osezingeni eliphezulu. Amakhaza, umoya, imvula? Ngangingenandaba.

Ukuze ngithole abanye engangizojwayelana nabo kuloku zilolonga kwami okusha, ngazithola sengizifake enkingeni. Edolobheni engangihlala kulo kwakukhona ikilabhu yabagijimayo. "IziNsephe", bazibiza kanjalo. "Igama elihle lekilabhu leli," ngokucabanga kwami. Leyo indlela engangizizwa ngayo nami. Amalungu ekilabhu angamukela ngezandla ezifudumele. Okwangithatha kakhulu kule kilabhu ukuthi bamukela wonke umuntu akukhathalekile ukuthi ugijima ngasiphi isivinini noma ibanga elingakanani, wonke amakhono amukelekile! Ngangigcwele ukuzethemba okuhambisana nobuwula ngabhalisa ukugijima ngamaSonto ekuseni, ukusukela ngehora lesi-7 kuze kushaye elesi-9. Sasihlangana endlini yekilabhu bese sisuka!

NgeSonto, ngemuva kwamakhilomitha ayi-15 namahora ama-3, ngabuya ngidiyazela endlini yekilabhu. Ngangiqonda kahle ukuthi ngangisukele okungaphezu kwamandla ami, kodwa amanye amalungu ekilabhu angikhuthaza ngokuthi, "Isikhathi sokuqala sihlala sinzima! Maduzane nje uzobe usugijima nabaholi!"

Ngangicabanga ngeSonto elilandelayo njengoba ngangihamba ngiqhuga futhi ngizihudula phakathi neviki. Ngangiwuthandile umoya ohlanzekile nokuvocavoca umzimba, kepha angikuthandanga ukuhlukumezeka amakhilomitha ayi-15. Ngenhlanhla yami ngasinda ekugijimeni ibanga elide okwesibili. Ngemuva nje kokuqala ukugijima kwangamaSonto ekuseni, ngawa ngenyela eqakaleni. "Kubi – kungcono uthathe iviki lokuphumula", kweluleka abanye abagijimi. Kodwa ngaya kudokotela wami. Indoda eyisimanga, udokotela wami! Wangihlola wabe esesho amazwi awumlingo engangidinga ukuwezwa, "Udinga ikhefu, cishe okungenani izinyanga ezimbili! Kungcono ungagagameli ngenxa yeminyaka yakho." Kwakuthi angimbambe ngimange! Ngemuva kwalokho, ngizoqhubeka yini mina nokugijima? Hhayi-ke, mhlawumbe ngentwasahlobo elandelayo…

© UCLES 2022

www.xtrapapers.com



**14** Kungani umbhali wanquma ukuyogijima ngolunye usuku lwentwasahlobo?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**15** Amadodana akhe azizwa kanjani ngokugijima kwakhe?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**16** Lithini iqiniso elafikela umbhali kulokhu okwashiwo ngunkosikazi wakhe?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**17** Kungani wazizwa kamnandi uma efika ekhaya evela ekugijimeni kwakhe ngakusasa?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**18** Kungani umbhali wathenga uhlobo oluthile lwezicathulo zokugijima?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**19** Kungani umbhali wayezizwa sengathi ungcono yena kunama “*fitness freaks*” ayesejimini?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**20** Kungani walithanda igama laleli kilabhu lokugijima?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**21** Kungani umbhali ezwa sengathi “usukele okungaphezu kwamandla akhe”?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**22** Ngabe wazizwa kanjani ngokugijima kwangeSonto elilandelayo?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**23** Kungani umbhali wayebona sengathi udokotela wakhe uyindoda emangalisayo?

.......................................................................................................................................

................................................................................................................................. [1]

**[Amamaki: 10]**

www.xtrapapers.com



**Umsebenzi 7**

**24** Wena nabangane bakho nifuna ukusungula ikilabhu elizonikeza abantu abasha ithuba lokusiza umphakathi wabo.

Bhala inkulumo ozoyethula emhlanganweni wesikole sakho ukuheha abanye abafundi ukuba bahlanganyele, futhi nicele nemibono yamaphrojekthi.

Nayi eminye imibono evela kubahlali bendawo. Ungayisebenzisa le mibono noma ufake neyakho.

- "Kunenkinga enkulu kadoti edolobheni lethu."
- "Izimoto zihamba ngejubane elikhulu edolobheni."
- "Kunabantu abadala abaningi abanesizungu endaweni yethu."
- "Ezinye izingane ezincane kufanele zihambe ibanga elide ukuya esikoleni."
- "Sidinga imidlalo ehlelekile engenziwa abasha ngemuva kokuphuma kwesikole."

Inkulumo yakho mayibe amagama **angama-200** kuya **kwangama-250** ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

....................................................................................................................................

© UCLES 2022

www.xtrapapers.com



© UCLES 2022 

www.xtrapapers.com



..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

..............................................................................................................................................

**[Amamaki: 15]**

Permission to reproduce items where third-party owned material protected by copyright is included has been sought and cleared where possible. Every reasonable effort has been made by the publisher (UCLES) to trace copyright holders, but if any items requiring clearance have unwittingly been included, the publisher will be pleased to make amends at the earliest possible opportunity.

To avoid the issue of disclosure of answer-related information to candidates, all copyright acknowledgements are reproduced online in the Cambridge Assessment International Education Copyright Acknowledgements Booklet. This is produced for each series of examinations and is freely available to download at www.cambridgeinternational.org after the live examination series.

Cambridge Assessment International Education is part of Cambridge Assessment. Cambridge Assessment is the brand name of the University of Cambridge Local Examinations Syndicate (UCLES), which is a department of the University of Cambridge.

© UCLES 2022